**IziNtshumayelo zokuSebenzelana ekuZwaneni**

***Intshumayelo ngesonto elithiwa Invokaviti, ngomhla ka 17. 02. 2013 14/2013***

**Egameni likaNkulunkulu onguYise, neNdodana, noMoya oNgcwele.**

1. Iculo 184

2. **Umkhuleko:** Nkulunkulu Baba wethu osezulwini, siyabonga umusa wakho kithina esingabantwana bakho ngombhapathizo. Sicela uMoya wakho oNgcwele ukuba asiqinise ekukholweni okuyikho, asiqinise esisekelweni esinguJesu Kristu, ukuba singasuki, singahluphuki kuye, kodwa sihlale kuye ezinsukwini zonke. Sicela egameni lakhe oyiNkosi noMsindisi wethu. Amen.

3. Iphistola ngohlelo lwesibili lilotshiwe kumaHeberu 12-13;

Ivangeli ngohlelo lokuqala lilotshiwe kuMathewu 4:1-11.

4. Isivumo senkolo: Ngiyakholwa nguNkulunkulu uYise ...

5. Iculo 76

6. Umkhuleko wakhe ofundayo intshumayelo

**7. Ivangeli** ngohlelo lwesihlanu lilotshiwe kuLuka 22:31-34, lithi: "Simoni, Simoni, bheka, uSathane unifunile ukuba anihlunge njengokolweni; kepha mina ngikunxusele ukuba ukukholwa kwakho kungapheli; wena-ke nxa usuphendukile, uqinise abafowenu. Wathi kuye: Nkosi, ngilungele ukuya nawe nasetilongweni nasekufeni. Wayesethi: Ngiyakutshela, Petru, ukuthi iqhude aliyikukhala namhla nje, ungakangiphiki kathathu ukuthi awungazi." Amen.

**8. Intshumayelo:** Bathandekayo eNkosini, "uJesu Kristu wabonakaliswa ngalokhu, ukuze achithe imisebenzi kaSathane". Lelizwi liyasikhumbuza kabusha lapha siqala amasonto esikhathini seNzilo ukuthi uJesu wakwenzani ngokuhlupheka nangokufa kwakhe. Wahlushelwani na? Wafelani na? UJesu Kristu wathatha lendlela enzima kakhulu yokuhlupheka nayokufa ukuba asihlenge thina esonweni, emandleni kaSathane, nasekufeni okuphakade. Ngokuwa esonweni kuka-Adamu sangena, salahlwa phansi kwamandla kaSathane, sasi-yiziqila zakhe. Abantu babekhishwa ensimini yase-Edene ngenxa yokweqa umyalelo kaNkulunkulu, bangene phansi kwamandla kaSathane. Kusuke khona sambalekela uNkulunkulu ngokwesaba okukhulu. Kodwa uNkulunkulu akasilahlanga thina zoni kodwa wasilandela, wathumela iNdodana yakhe uJesu Kristu ukuba asihlenge esonweni, kuSathane nasekufeni okuphakade. "UJesu Kristu wabonakaliswa ngalokhu, ukuze achithe imisebenzi

kaSathane.” Wasithenga ngegazi lakhe. Sivuma lokhu ngeKhathekisemu elincane sithi: “UJesu Kristu uyiNkosi yami, ongisindisile mina engingumuntu olahlekileyo nolahliweyo, wangihlenga, wangizuza kuzo izono zonke, nakukho ukufa, nakuwo amandla kaSathane, kungengegolide nangesiliva, kodwa ngegazi lakhe elingcwele, elinenana elikhulu, nangokuhlushwa nokufa kwakhe, engenacala.”

Sisesikhathini seNzilo. Amazwi akhethekile ukuba abe amazwi alenkonzo ayasifundisa ngokujula ngalendaba yokusihlenga kukaJesu Kristu emandleni kaSathane. Khona kulelizwi lanamuhla uJesu Kristu uyaxwayisa uPetru kakhulu ngokumtshela ukuthi uSathane usazoba khona, usazozama ukuchitha ibandla, usazofuna ukuhlubhukisa abantu ekukholweni, ukubakhipha kuJesu Kristu. Uma iNkosi yamakhosi ixwayisa abayo bafanele ukubhekisisa kakhulu lesosixwayiso. Izwi lakhe liyiqiniso. “Simoni, Simoni, bheka, uSathane unifunile ukuba anihlunge njengokolweni!” USathane uyasifuna kakhulu, uyafuna ukusihlukanisa noJesu Kristu uMsindisi wethu. Kuze kube namuhla umlingi uyathanda ukusikhipha embusweni kaNkulunkulu. Walinga uJuda ngemali, ngokumkhokhisa isiliva. Walinga uPetru ngamandla, ngokumthembisa ukuthi yena unamandla kunabanye abafundi, wamkhohlisa ngokuthi uzokwazi ukuya ekufeni kanye neNkosi uJesu Kristu. Egcekeni lompristi omkhulu uPetru wahluleka ngamandla akhe, wamphika uJesu. Uyasilinga kuze kube namuhla ngokusithembisa izinto ezinhle, ezibugekayo. Uyasidoba njengomuntu odobayo izinhlanzi. “USathane uyahlobisa ukona, kodwa ubuhlungu nokudangala kulandela ngemuva. Nenhlanzi iye ibone umsundu omnandi, ayiluboni udobo.” (Kat pg. 111). Isono esihlotshiwe ngalendlela nguSathane siyaletha ukufa. USathane usadoba, usasidoba ukuba sihlubuka kuJesu Kristu. Uthanda kakhulu ukudoba edameni eliyibandla likaJesu Kristu, ngoba linezinhlanzi ezinhle, ezinkhulu, uyathanda ukuzosa epanini lakhe, azidle.

UJesu Kristu, uMsindisi wethu, owavuka kwabafileyo uyasinxusela. Wathi kuPetru: “Mina ngikunxusela ukuba ukukholwa kwakho kungapheli; wena-ke, nxa usuphendukile, uqinise abafowenu.” UJesu Kristu uyasikhulekela, uyasimela, uyasinxusela kuBaba wethu osezulwini. Uyathuma kithi uMoya wakhe oNgcwele ukuba asiqinise, asivikele, asilondolozele ekukholweni okuyikho. Izwi lanamuhla liyasifundisa kahle nangokuzethemba. UPetru wayezethemba kakhulu. Wathi kuJesu: “Nkosi, ngilungele ukuya nawe nasetilongweni nasekufeni.” Kuhle uma ukukholwa kwethu kuqinile, kumile. Kodwa uPetru waphutha ngokuzethemba kakhulu, ngokuthemba amandla akhe nokukholwa kwakhe. Wasekela ukukholwa kwakhe phezu kwamandla akhe. Kodwa wawa. Nathi sithanda ukuba noPetru wethu ophila phakathi kwethu. Sizethemba kakhulu, sithi ukukholwa kwethu kuqinile. Kodwa uPawulu uyasixwayisa ngokuthi: “Ngakho-ke osuka ethi umi, akaqaphele ukuba angawi.” NoJesu Kristu uyamxwayisa uPetru ngokuthi: “Ngiyakutshela, Petru, ukuthi iqhude aliyikukhala namhlanje, ungakangiphiki kathathu ukuthi awungazi.”

Thina esingabantwana bakaNkulunkulu, sangeniswa emdeneni wakhe ngombhapathizo, singabakhe ngempela. NoPetru wayekhethiwe ukuba umfundi kaJesu Kristu, ake silizwe kahle izwi likaJesu Kristu elikhona lapha phakathi kwethu namuhla. Okokuqala: UJesu Kristu wasingenisa ebandleni lakhe singabakhe. Okwesibili: USathane usasilinga ukuba sibeke ithemba lethu phezu kwamanye amandla, singalakhi phezu kukaJesu Kristu. Okwesithathu: UJesu Kristu uyasinxusela. Okwesine: Siqinise nabanye abebandle lakithi ekukholweni.

NjengoPetru sangeniswa ebandleni likaJesu Kristu singabakhe. Sangena thina ngombhapathizi singabantwana bakaNkulunkulu. Ngazo zonke izikhathi singabakhe. Bathandekayo eNkosini singabakaJesu Kristu. Ake singangabazi ngalokhu. Esikhathini sonke singabakaJesu Kristu. Wasizala kabusha emanzini ngoMoya wakhe oNgcwele. Babelelani kuleliqiniso kuze kube sekufeni.

USathane ufisa ukusihlukanisa noNkulunkulu, uyasilinga ngezinto eziningi omunye ngamandla, omunye ngezintombi, omunye nemphahla, omunye ngemali, omunye ngotshwala, omunye ngenzondo. Nalapha ebandleni uSathana uyasebenza kakhulu, uthanda ukusihlubukisa othandweni lukaBaba wethu osezulwini, uthanda ukusiphonsa emandleni akhe, phansi kobuqili bakhe ukuba sibe izigqila zakhe, ezizolahlwa kanye naye kuze kuba phakade.

UJesu Kristu uyasinxusela ukuba ukukholwa kwethu kungapheli, kungaphelelwa amandla. UPetru wamphika kathathu, uJesu Kristu wambuyisa. Wambuza kathathu ngokuthi: “Simoni kaJona uyangithanda kunalaba na? Simoni kaJona, uyangithanda na? Simoni kaJona, uyangithanda na?” Umusa kaJesu Kristu umkhulu kakhulu, uyathanda ukusibuyisa emuseni wakhe njalo. Noma siwile esonweni uyathanda ukusibuyisa othandweni lwakhe ukuba siphile kahle phansi kwakhe embuweni wakhe. Nasesibikweni siyabuzwa kathathu. Umfundisi uyasibuza ngokuthi: “Niyabona, niyavuma kambe ukuthi niyizoni ezimpofu ezilahlekile nokuthi aninakho ukulunga nobuhle nemfanelo? Nidabukile kambe ngezono zenu niyakholwa, niyafisa umusa nokuthethelelwa kwezono zenu egameni likaJesu Kristu owafela izono zenu? Niyakulungisa kambe ukuhamba kwenu emandleni kaMoya oNgcwele, nihambe, niphile ngokwentando kaNkulunkulu? Uma kunjalo, phendulani nithi: Yebo.” Ngokuba esithethelela sinokuthula kuye. Ngokusithethelela uyasiduduza kakhulu, sibe nenkululeko phambi kukaBaba wethu osezulwini. Ake sithokoze namuhla ngokuzwa ngomsebenzi kaJesu Kristu owasenzela njalo phambi kukaYise okungukuthi: Uyasinxusela phambi kukaBaba wethu osezulwini. Lokhu kuyinduduzo enkulu kithina. Asinamandla maningi ukuphumelela ekukholweni kodwa uJesu Kristu ukhona uyasinxusela imihla ngamalanga.

Bathandekayo ake sikhulekele nalabo abanobuthakathaka mayelana nokukholwa. Uma ekhona umuntu webandla namuhla onokukholwa okuqinile makabasize abanye bebandla, makabameme enkonzweni,

esibikweni, esidlweni seNkosi. "Wena-ke, nxa usuphendukile, uqinise abafoweno." Ake sifunde ukunakekela abantu abahlala nathi ebandleni nabantu abangakafiki ebandleni. Sibaqinise. Kuzovela isikhathi lapha sizodinga usizo lwabo. Ophendukile makasize abafowabo, ubaqinise, kungumsebenzi omuhle esinawo lapha ebandleni ukunakekela ukuqinisa abafowethu abanathi. Amen.

9. **Umkhuleko:** Nkulunkulu, Baba wethu osezulwini, siphe njalonjalo uMoya oNgcwele ukuba asiqinise ekukholweni okuyikho, asiqinise esisekelweni esinguJesu Kristu, ukuba singasuki, singahluphuki kuye, kodwa sihlale kuye ezinsukwini zonke.. Sikhuleka egameni likaJesu Kristu. Amen.

Umkhuleko weNkosi: Baba wethu osezulwini ...

10. Iculo 154

Ukuthula kukaNkulunkulu odlula ukuqonda konke makulondoloze izinhliziyo zethu nemicabango yethu kuKristu Jesu, iNkosi noMsindisi wethu. Amen.

Lentshumayelo ilotshiwe ngo-2012 ngu-P. C. Weber

Ukucindezelwa nokuthunywa kwezintshumayelo kuyasekelwa yinhlangano ethiwa: Lutheran Heritage Foundation.